# IziNtshumayelo zokuSebenzelana ekuZwaneni

Intshumayelo ngomkhosi wokukhumbula ukwenyuka kweNkosi, ngomhla ka 17. 05. 2012 27/2012

**Egameni likaNkulunkulu onguYise, neNdodana, noMoya oNgcwele**.

1. Iculo 126/107

2. **Umkhuleko:** Nkosi yenkazimulo, Nkosi yamabutho, odunyiswe ngenxa yenqobo yakho edlula amazulu onke, mawungasishiyi siyizindandane ezingenanduduzo, kodwa usithumele uMoya weqiniso omthembisile ukumthuma ukuba avele kuwe nakuYihlo. Siyacela kanjalo kuwe Jesu Kristu, ongophilayo, wabusa kanye noYihlo noMoya oNgcwele, Nkulunkulu oyedwa manje naphakade. Amen.

3. Iphistola ngohlelo lwesibili lilotshiwe kuzo izEnzo 1:3-11;
Ivangeli ngohlelo lokuqala lilotshiwe kuLuka 24:44-53.

4. Isivumo senkolo: Ngiyakholwa nguNkulunkulu uYise ...

6. Umkhuleko wakhe ofundayo intshumayelo kuso isAmbulo 1:4-8, lithi: "UJohane kuwo amabandla ayisikhombisa aseAsiya: Makube-kini umusa nokuthula okuvela kuye okhona nowayekhona nozayo, nakoMoya abayisikhombisa abaphambi kwesihlalo sakhe sobukhosi, nakuJesu Kristu ufakazi othembekayo, izibulo labafileyo nombusi wamakhosi omhlaba. Kuye osithandayo nowasikhululayo ezonweni zethu ngegazi lakhe nowasenza sibe-ngumbuso nabapristi kuNkulunkulu uYise, kuye makube-yinkazimulo namandla kuze kube-phakade naphakade. Amen. Bhekani, uyeza namafu, namehlo onke ayakumbona, nabo abamgwazayo, nezizwe zonke zomhlaba ziyakulila ngaye. Yebo, Amen. Mina nginguAlfa no-Omega, kusho iNkosi uNkulunkulu okhona nowayekhona nozayo, uMninimandla onke." Amen.

**8. Intshumayelo:** Bangane, enithandwa yiNkosi noMsindisi wethu uJesu Kristu. UJesu uyiNkosi yakho konke, neyabo bonke. UyiNkosi yamakhosi ezulwini nasemhlabeni. Amandla onke ezulwini nasemhlabeni angawayo. Konke kusezandleni zayo. Ngosuku lwanamuhla olungcwele lokukhumbula ukwenyuka kwayo nokudunyiswa kokwenyukela kwayo ezulwini, thina esingamalungu aphilayo ekerikeni layo siyagubha umkhosi wenqobo yenkazimulo yayo, eyinqobo yenHloko yethu, uJesu Kristu. "Yona iyinHloko yomzimba, ngisho ibandla, engukuqala, izibulo kwabafileyo, ukuze yona ibe ngowokuqala ezintweni zonke." Yona ingokuqala ekudalweni okusha. Iyisimangaliso sikaNkulunkulu esabekayo, esenzekile emhlabeni, sabonakaliswa kubaphostoli nabavangeli bekerike ekuqaleni, sisashunyayezwa izizwe zonke nanamuhla. Ngakho lokhu siyadumisa igama likaJesu, nokuliphakamisa, kanye namabbandla ezingelosi siyakhuleka kuye, nokumdumisa njalo-njalo sithi: "Ungcwele, ungcwele, ungcwele uJehova Sebawoti. Izulu nomhlaba kugcwel' ubukhosi bakhe." Siyamdumisa, siyamhlonipha, siyambonga manje naphakade. Haleluja! Haleluja!

Siyadumisa uNkulunkuu wethu ngenxa yezizathu ezahlukeneyo. Ngesizathu sokuqala senkokhelo esiyilungiselwe, mhla uJesu ekhokhile icala lenqwaba yezono zethu ngokuhlushelwa thina esiphambanweni, thina nabantwana bethu ukudela impilo yakhe ukuba thina esiyizoni ezingenakulunga phambi kukaNkulunklu sithethelelwe izono, nokubuisana noNkulunkulu ngomusa kaNkulunkulu ukuba siphile kanye nabantwana bakaNkulunkulu, sihlahlameliswe, sibe ngabendlu abathandiweyo bakaNkulunkulu. Ukubethelwa kukaJesu esiphambanweni kuyisiqiniselo sothando olukhulu lokusithanda nokuthanda bonke abantu bomhlaba wonke. Usesithandile, mhla siseyizoni nezitha zikaNkulunkulu ophilayo, nokusiholela sonke esihubeni sakhe ngezandla ezalulelwa kithi ukuba sibe ngabakhe impela, sibe ngabangane bakhe. Yikho okwenzekile kithi, kunyisisekelo esiqinileyo sokukholwa esisindiswa ngakho ngenxa yomusa nobubele bukaNkulunkulu. Kwase sekuqaleni komhlaba uNkulunkulu wayesefuna ukuba abantu bonke basindiswe, bafinyelele ekulazini iqiniso eliyingqikithi yothando oluvuthiwe lokuthanda izoni, iqiniso eyingqikithi yokuhawukela izoni, nomusa ozithethelelayo. Inkokhelo yokubuyisana kwethu ikhokhiwe eGolegotha. Izithelo zomvuno

kaNkulunkulu ngenxa yenqobo leyo enkulu zisabuthelwa enqolobaneni yakhe, nokwamukelwa embusweni wakhe. Enqolobenani kaNkulunkuu kusekhona indawo enkulu, indawo engako ukuba abantu abaqhamuka emikhawulweni yomhlaba bangene khona.

Futhi siyadumisa iNkosi, nokuyihlonipha, nokuyibonga ngenxa yokuvuka kwayo enqobile ukufa ngakho, nangenxa yokwenyuka kwayo. Ngakho uNkulunkulu usekelile ukunqoba nombuso wakhe wokuba nguMbusi wakho konke, nowabo bonke. Lokhu okubili kwenzekile impela. Akusasweleki lutho ekunqobeni kukaNkulunkulu. UNkulunkulu uhlezi esihlalweni sobukhosi. Akukho lutho olungaba namandla ukumdilisa kuso. Qha-ke, ngokwempela uyabusa, uyabusa ukuba samukelwe embusweni wakhe, sisindiswe. Ngakho akulutho olungaba namandla ukusivimba ukuba singaphumeleli ukufinyeleliswa emngomeni esiwulungiselwe, nokuwuthenjiselwe nguBaba osezulwini, ongukuphila okuphakade. Iqiniso elithi iNdodana kaBaba, uJesu Kristu, uMahluleli wabantu bonke, iNkosi yamakhosi, uMbusi wakho konke uhlezi ngakwesokunene sikaNkulunkulu uYise uMninimandla onke ukubusa ngamandla onke aphiwe wona ukubusa zonke izidalwa, ezibonakalayo nezingabonakaliyo. Nguye owenza ukuba simdumise ngezindumiso nezimbongo. Ukwazi ukuthi iNkosi iyabusa konke, kuyasiduduza kuzo zonke izinhlupheko, nasebunzimeni bonke, ngokuba siyaqonda ukuthi ubunzima balesosikhathi buyazama kuphela ukufiphaza, nokufihla umbuso wenkazimulo yeNkosi yethu. Siyethemba ukuthi ngosuku oluzayo lenkazimulo iyakwambulwa emehlweni ethu, ngisho ngosuku, mhla iNkosi izobuya ngenkazimulo ekugcineni komhlaba. Njengalokhu esesilungisele indlela, nokusiholela endleleni yakhe, siyathemba ukuthi uyakusihola njalo ukuba simlandele, nokusamukela lapho ekhona ukuba empeleni sihlanganyele inkazimulo, nokuthula, nothando lwakhe. Njengalokhu ebusa konke, akukho lutho olungaba namandla okusilimaza. Ngenxa yombuso womusa wakhe konke kumelwe ukusisebenzela ekugcineni, nokuphenduka kube kuhle kithi, njengalokhu kulotshiwe ukuthi: “Siyazi ukuthi kwabamthandayo uNkulunkulu konke kusebenzelana kube ngokuhle.” Yiwo umlayezi omuhle wombuso kaKristu owenyukele ezulwini.

Mhla iNkosi noMsindisi wethu izobuya, esenkazimulweni ukubonwa yibo bonke, bonke bazovuma ngokuthi: UJESU KRISTU UYINKOSI, kube inkazimulo kuNkulunkulu uYise. Ngalolusuku amadolo onke azoguqa ngegama likaJesu. Kuze kube lelosuku uJesu uzoqhuba umsebenzi wombuso wakhe ngomusa wakhe ekerikeni elingcwele lobuKristu ezindaweni zonke. Uyakwenza kanjalo ngoMoya wakhe oNgcwele ngokungcwelisa, nokuhlambulula, nokuqinisa, nokududuza bonke abakholwa nguye ngokubabela ukuphila nezipho nokubasiza, nokubavikela kuSathane nasezonweni zonke. Bheka kuCA 3!

Ngakho lokhu asilahli ithemba esithemba ngalo ekerikeni maqondana nebandla lakhe, nokukholwa kwethu. Sibambelela ethembeni lokwethemba iNkosi ukuthi iyakusibusisa, nokusilondoloza eqinisweni lokukholwa ngothando lomusa wayo. Kuqinisile. UJesu uzoqaphela ukuba ikherike lakhe lakhiwe ezweni lonke, libe isiphephelo sokuthula, sothando, sethemba, sokukholwa kulomhlaba. Ebandleni lakithi, abakithi bazolungiselwa isinqumo sokugcina, ngokuqiniselwa ekukholweni intethelelo yezono zethu, nokuvuselela uthando lwethu lokuthanda uNkulunkulu nabantu bonke, ngokuqinisa ithemba lokwethemba ukubusa kwakhe okuhle.

Aze abuye enkazimulweni, siyalinda, siyambheka ekukholweni, sihlabelela izindumiso zakhe ngokuqinisela ethembeni, ngokuthanda ukubonakaliswa kwakhe phakathi kwethu. Noma kusafihlekile, uphakathi kwethu ngomzimba wakhe ongcwele, negazi lakhe esidlweni sakhe esingcwele, siyethemba ukuthi uzobuya ukugcwalisa umsebenzi wakhe omuhle wokusindisa amakholwa akhe, nomsebenzi wakhe wokungcwelisa, nokuhlenga, nokuphulukisa, ongumsebenzi asewuqalile ngevangeli lakhe elingcwele ngezwi likaNkulunkulu. Uzoqeda umsebenzi wakhe, mhla ezobuya ehlezi emafwini ngokukhalisa icilongo lokugcina. Khona umsebenzi wakhe uzofezwa ngokwempela, nangokunqoba izitha zokugcina. Khona uzomemezela izwi lokunqoba ngokwempela alikhulumile esiphambanweni ngokusho ukuthi: Kufeziwe! Khona-ke kuzobonakala ukuthi kuzoba okufeziwe ngokwempela. Uzofeza ngokusho ukuthi kwenziwe! Kugcwaliswe! Haleluja! Amen.

9. **Umkhuleko:** Siyacela, sithi: Amen! Woza, Nkosi Jesu! Mawuze masinyane! Amen.
Umkhuleko weNkosi: Baba wethu osezulwini ...

10. Iculo 127/108

Ukuthula kukaNkulunkulu odlula ukuqonda konke makulondoloze izinhliziyo zethu nemicabango yethu kuKristu Jesu, iNkosi noMsindisi wethu. Amen.

Lentshumayelo ilotshiwe ngo-2012 ngu-K. P. P. W. Weber
Ukucindezelwa nokuthunywa kwezintshumayelo kuyasekelwa yinhlangano ethiwa: Lutheran Heritage Foundation.